**IHHOVISI LOMHLELI**

Suite D6, Block D,
Meyrickton Park,
2 Meyrickton Place
Hillcrest,
KwaZulu-Natal,
3610

PO Box X821
Hillcrest
3650

editor@msunduzinews.com

**IZIKHANGISO**

Mayelana nezidingo zakho zokukhangisa ungaxhumana nathi kule nombolo: 086 511 4171 noma kule email: sales@igunundu.com

**THOLA I-MSUNDUZI NEWS**

Iphephandaba uMsunduzi News litholakala eMgungundlovu namaphethelo. Uma ufisa ukuzitholela amakhophi oMsunduzi News, ungaxhumana nathi kule
Email: sales@igunundu.com
noma ngocingo ku: 031 765 6662 / 081 257 7392



**ISIBOPHEZELO**

IMsunduzi News izinikele ekuletheni izindaba eziyiqiniso ngolimi lwakho. Izintatheli zethu ziqeqeshwe ngokwanele futhi zihlale zenza okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi ezikubhalayo kucwaningwe ngokuphelele ngaphambi kokwethulela abafundi.
Uma unombono noma izindaba obona zifanele ukushicilelwa i-Msunduzi News sithinte kule mininingwane; Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392, Fax 086 511 4171, Email: editor@msunduzinews.com noma usibhalele ku: PO Box 533, Hillcrest, 3650

**ILUNGELO LOKUSHICILELA**

I-Msunduzi News ishicilelwa yi-Igunundu Press, (Pty) Ltd. Konke okushicilelwe kuleli phephandaba, ngisho amagama asoshicilelweni lwasemoyeni (online), okufaka izindaba nezithombe ungokwelgunundu Press Images, ngaphandle uma kuveziwe ukuthi akunjalo. Ilungelo lokushicilela noma ukusebenzisa okushicilelwe kuleli phephandaba lingelelgunundu Press (Pty) Ltd, ngokomthetho i-Section 12(7) of the Copyright Act of 1978. Imibono eshicilelwe kuMsunduzi News akuyona eyoMhleli, abasebenzi noma abashicileli baleli phephandaba.

**UKUCOPHELELA**

Uma ubona amaphutha ezindabeni esizilobile, siyacela ukuba usazise ukuze siwalungise.
Ungasithinta ngenye yalezi zindlela ezingezansi.
Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392,
I-fax: 086 511 4171,
I-email: editor@msunduzinews.com
Ikheli: PO Box 533, Hillcrest, 3650

**Ithimba loMsunduzi News**

Umhleli Omkhulu: Nhlanhla Mtaka
Umhleli Wezindaba: Sabelo Mbatha
Abadidiyeli: Zweli Xala
Ukuhanjiswa Kwephepha: Mnyamezeli Mtaka
Abathwebuli: Siyathaba Mhlongo, Andile Mahlaba
Izintatheli: Celani Sikhakhane, Siyathaba Mhlongo, Sabelo Maphumulo, Luvuyo Thahla, Anathi Mtaka

@MsunduziNewsOfficial @MsunduziNews editor@msunduzinews.com

IGUNUNDU PRESS

**UMA UNOMBONO:** Thumela imibono yakho kuleli kheli: Suite D6, Block D, Meyrickton Park, 2 Meyrickton Place, Hillcrest, KZN, 3610. Incwadi yakho kumele ibe negama nekheli lakho futhi ingeqi emagameni angamakhulu amathathu. Incwadi kumele ifinyelele kuMhleli lingakashayi ihora lesihlanu ngemiSombuluko.
**EMAIL**: editor@msunduzinews.com
**FAX**: 086 511 4171. Umhleli unelungelo lokufingqa incwadi ebhalwe yeva enanini elibekiwe lamagama.

Press Council

UMsunduzi News uzinikele ekusebenzeni ngaphansi kwemigomo yePress Council yakuleli, ethi izindaba kumele zibikwe ngokweqiniso, ngokucophelela, ubulungiswa obuhambisana nokunikwa kwethuba kwabathintekayo. Uma usola ukuthi le migomo asiyilandeli ngendlela, xhumana noPress Ombudsman ngokumbhalela ku-2nd Floor, 7 David's Park, St David's Place, Parktown, 2193 noma ku-PO Box 47221, Parklands 2121. Ungathumela ne-email ku-pressombudsman@ombudsman.org. za. I-website ithi www.ombudsman.org.za


**EZOMPHAKATHI**

# Ukuhlanzeka ezindaweni zomphakathi kuzokwenza isizwe esiphilile - uMhlongo

**nguSiyethaba Mhlongo**

EZINSUKWINI ezili-17 efikile eMsunduzi ukuthi aqale umsebenzi wokuba isikhulu esiphezulu ophikweni lwakwaWaste, uMnu uWilson Mhlongo usefike wafinqa imkhono ezisebenzini zalolu phiko ukuze kusizakale umphakathi waseMsunduzi. UMhlongo uqale ngesikhathi lapho uMengameli ememezele ukuba kume ukusebenza ngokwejwayelekile kwezwe ngenxa yokhuvethe. Ufike ephuma kuMasipala iKwaDukuza eyisikhulu salo lolu phiko.

Uthi asikho isidingo sokuthi kume ukuhlanzwa kwedolobha kanye nezindawo zasemakhaya ngalesi sikhathi.

UMhlongo echaza ngesinqumo sokuthi phezu komkhono ezisebenzini zalolu phiko uthe: "Sihlonzwe njengophiko olumqoka ngaphansi komthetho iLabour Relation Act ethi lusemqoka (uphiko) uma kubhekwa ukuhlanzwa kwezwe kanye nemvelo."

Echaza ngalokhu uthe njengoHulumeni wasekhaya banikezwe umsebenzi wokuhlinzeka ukuqoqwa kwemfucuza emphakathini, ukuhlanza idolobha, ukuhlanza izindawo okulahlwa kuzo imfucuza ngokungemvume kanjalo nokuhlanza izindlu zangasese zomphakathi. Echaza ngodaba lokuhlanzwa kwezindlu zangasese, uthe ingoba noma engabe izwe livaliwe kodwa kukhona okumele babe sedolobheni okufanele baluthole usizo uma bedinga izinsiza kanjalo nokwelekelelwa ngalokho abakufisayo.

"Lokhu kuvalwa kwezwe kuvulele ithuba lolu phiko ukuthi lufake izinhlelo ezinqala ukuthi zisebenze futhi kubonakale ukuthi ngabe ziyasisebenzela yini lezo zinhlelo esinazo nesithi sifuna ukuzisebenzisa, sisho ngokuhlanza imigwaqo edolobheni, ukuhlanza lapho okulahlwa khona ngokungemvume kanye namaqhingasu azonqanda ukuthi lokhu kungaphinde kwenzeke kungaba isedolobheni noma ezindaweni lapho kuhlala khona abantu," kuchaza uMhlongo

Uqhube ngokuthi baphezu kwamaqhinga azofika nezinguquko ezinhle ngokulawulwa kwemfucuza kungaba ukuqoqwa, ukuhanjiswa nokulahlwa kwayo. Ngaphansi kokuqoqwa kwemfucuza kunamaqhinga asesigabeni sokuthi asebenze azoqinisekisa ukuthi impela imfucuza izoqoqwa ngendlela kubantu.

"Sihlose ukulandela nalabo abangakukhokheli ukuhlinzekwa kwezidingo zokuqoqwa kwemfucuza khona sizoqinisekisa ukuthi uMsunduzi wonke uhlanzekile, isibonelo nje kunezindawo zabantu ezingakhokhi kodwa sizobalandela ngaphansi kohlelo lalabo abangasibo omacaphuna kusale. Ingakho sikhuthaza umphakathi ukuthi ubhalise kuMasipala ngaphansi kohlelo i-Indigent Register khona sizokwazi ukuthi sithole imali kuHulumeni ukuze sikwazi ukubahlinzeka ngezinsiza ezisezingeni eliphezulu, lokho sikwenza ngohlelo ifree basic refuse collection service as per equitable share," kuchaza uMhlongo.

Uthe inkinga encane abasabhekene nayo kusawukufundisa umphakathi ngokulawulwa kwemfucuza ngoba uyakuqonda ukuthi ukulawulwa kwayo ngaphambi kokuba kuwele kubo kuqala ekutheni umphakathi wona uyisingatha kanjani. "Umphakathi kumele wazi ukuthi kuwumthwalo wawo ukuthi unciphise imfucuza, uphinde wona uyisebenzise kabusha ngokwenzuzo yabo, ukulahla kube isinqumo sokugcina, lokhu kuzonciphisa imfucuza eza kithi kodwa nawo uzuze nokuyilona qhingasu elisetshenziswa ilezo zindawo ezihlanzekile emhlabeni wonke jikelele," kusho uMhlongo.

Wenze isibonelo ngokuthi kuqala oplastiki babemahhala ezitolo uma umuntu ethenga impahla kepha ngenxa yokubona ukuthi kubalulekile ukugqugquzela umphakathi usebenzise kabusha ocwazi babe bedayiswa.

"Sisacubungula siphinde sihlonze izikhala ngokulawulwa kwemfucuza okwenze ukuthi lolu phiko lungenzi kahle ngenhloso yokukwazi ukubona ukuthi ikuphi esingakwazi ukukwenza ukuxazulula lezi zinkinga okubukeka zilokhu zikhona ezithinta ukulawulwa kwemfucuza eMsunduzi," kusho uMhlongo.

Uthe bayathemba ukuthi umphakathi waseMsunduzi uzozamukela izinguquko abazozethula kuwo ngenhloso yokufisa ukulawulwa kwemfucuza kube sezingeni ukugcina indawo ihlanzekile futhi isebenza ngoba ukuhlanzeka ezindaweni zomphakathi kuzokwenza isizwe esiphilile..



**UMnu uWilson Mhlongo** (Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

# Kuyakhathaza ukulahla ezindaweni ezingafanele

**nguSiyethaba Mhlongo**

KUQALE kwathi kuwo wonke amakhona emigwaqeni kube nendawo yokulahla ngokungemvume. Manje naphakathi nomgwaqo sekuba nendawo esiphenduke eyokulahla imfucuza. Okungenani endaweni engamamitha angama-250 sekunezindawo ezintathu lapho abantu belahla ngokungemvume eMbali. Ngenkathi uMasipala usuwenza uhlelo lokuhlambalaza abalahla endaweni engafanele, isikhulu sophiko lwakwaCommunity Services, uMnu uMbongeni Mathe, sathi uma ulahla ikakhulukazi ezindaweni zomphakathi, usuke uncisha ingane yakulowo mphakathi indawo yokudlala uphinde ufake izifo ezinganeni nakuzakhamuzi.

Emgwaqeni omkhulu oseFrance kunezindawo zokulahla imfucuza ngokungemvume ezine, umphakathi ukhala ngokuthi abantu abahamba ngezimoto abasenamahloni okujwiba imfucuza, omunye uvele apake bese evula imoto alahle. UMsunduzi uzikhuculule lezi zindawo kepha ziyaqhubeka izakhamuzi ziyalahla.

UNkk uZingiswa Chitha oyisakhamuzi saseFrance uthe: "Abantwana bahamba baye kulezi zindawo zokulahla bafike balinganise izinto ezinokungcola. Uma sibakhuza abalahla udoti babiza izindlu zethu esazakhelwa uHulumeni ngemikhukhu, bathi asihlukane nabo. Akusithina esihlala lapha esilahlayo, thina sisenza lokhu esasikwenza kudala ukumba imgodi bese siyashisa."

Uthi kusuka abantu baselokishini bayolahla kulezi zindawo. Uqhube ngokuthi akukho okutheni abangakwenza beyizakhamuzi ngoba abafuni ukuphehla udlame kwazise abantu bayabadelela. Uthe ngelinye ilanga kuthe imoto ebikhuculula udoti ihamba kwabe kuma imoto ilahla imfucuza. Ukuchaze lokho njengesenzo esidelela uMasipala nesiphinda siwusebenzisele emuva.

"Eqinisweni ukuthi ngeke uMasipala ulokhu wenza into eyodwa, nathi sike sisuke siyizakhamuzi sihambe siyozibambela mathupha, sishise nokushisekayo ngoba indawo yethu siyayithanda, senza lokhu ngoba siyayithanda impilo yethu. Sike sibazise ukuthi sinezingane kodwa lokho abakugqizi qakala." kusho yena.

UNkk uChitha uthe alukho uhlobo lwemfucuza olungalahlwa kulezi zindawo ngisho nezimfonyo, amanabukeni kanye namakhondomu. Uthi izingane zibuye zifike sezifake nezimfonyo ezizicoshe kuleziya zindawo, zifuthe amakhondomu asesebenzile, zithole zonke izifo.

"Ngiyadayisa kuleya ndawo ama-airtime namachips. Ukulahla kule ndawo kuyasihlukumeza ngoba siyazizamela, balahla isinkwa sabantabethu ngoba kumele izingane zilale zidlile." Kusho yena.

Uthi uma kuhlanzekile njengoba uMasipala uhlanzile ngosuku bayakwazi ukulala okungenani bewenzile ama-R300 futhi nabezimoto bayakwazi ukuthi bame bathenge abakudayisayo.

UNkk uChitha uthe: "Kuyimanje kufanele engabe siqalile ukudayisa, ikakhulukazi njengoba izingane sezivulile nje, kodwa asikwazanga ngoba bekungcolile. Njengoba kunokhuvethe abantu uma bebona lokhu kungcola ngeke bathenge siyobe sivukela ubala nje. Emva kokuthi uMasipala uhlanzile sesizobuyela."

Uqhube wathi baze bagqugquzele umphakathi ukuthi umbe imigodi njengoba kukhona abalahla nezinja ezifile bese kununka indawo yonke eyakhele lezi zindawo.

"Lonke leliya phunga liza kithini, kugcina kuphazamiseka izingane ngoba azinazo izindawo zokudlala, laphaya ziyakwazi ukudlala ngoba azikho izimoto. Uma sihambile asisakutholi ukuphumula ngoba usuke unexhala lokuthi sezikuleya mfucuza," kusho yena.

Uthi abasiyona imindeni engomacaphuna kusale ngalokho izingane zigcina zibone ukudla okuvaliwe kanti kulahlwe ngoba sekudlulelwe isikhathi zikudle. Uphethe ngokuthi bangajabulela noma ibhodi abazobona libhalwe uMasipala ukuthi akulahlwa lapha mhlawumbe lingavuselela unembeza kuzakhamuzi.



**Ukungcola ezindaweni ezihlala abantu**
(Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

# Ngabe iqhunyiswa amasondo eMsunduzi?

**nguCelani Sikhakhane**

YIZE kungekho emthethweni kepha kuyanda ukukhuluma okukhomba ukuthi okwenzeka eNhlokodolobha uMsunduzi kukhona abakhwezela izikhuni ukuze umphakathi uvuke umbhejazane. Isigameko sokugcina kube yileso lapho kushe ingqalasizinda kagesi amahlandla elandelana okubalwa nebisakhiwa ngezigidi ezingama-R75. Kwenzeka konke lokhu umphakathi wakule ndawo namaphethelo ubuxinwe yifu lentuthu ngenxa yomlilo oqhamuke endaweni yemfucuza. Isimo sibe sibi ngale ndlela yokuthi kuze kwaphazamiseka nezimboni, amahhovisi kaHulumeni kanye nezikole.

Enkulumweni ekhethekile neMeya yedolobha, ikhansela uMzimkhulu Thebolla, kuvele izinsolo zokuthi kukhona abaphehla uzwathi futhi inhloso isobala ukuba kugingwe ubuholi obukhona. Iqhube yathi izigameko ezedlule zikhomba ukuthi akhona amabomu.

Sebeyishaya ngalokho abakwenza kowabe eyiMeya, uMnu uThemba Njilo, wagcina engaliqedanga ihlandla lakhe aliqale ngowezi-2016 ngoNcwaba.

Ezinye izikhungo okuthiwa bekumele zethulwe ngokusemthethweni emphakathini zashiswa kusele usuku zivulelwe umphakathi.

Kwesinye isikhathi kuthiwa bathi abaholi besendleleni beyokwenza umcimbi wokuvula leso sikhungo, bafika sekonakele sesivutha sishisiwe.

Akugcini lapho kuthiwa kushaywa ngisho abaqaphi abagada lezi zikhungo nosekuzulisa ikhanda iMeya namakhansela ayo ukuthi kwenzakaleni.

Abaholi boMkhandlu sebezama nokuba kungenelele abaholi abaphezulu okubalwa uMphathiswa Wezokuphepha KwaZulu-Natal, uMnu uBheki Ntuli noNgqongqoshe Wamaphoyisa kuzwelonke uMnu uBheki Cele.

Kuthiwa kusabalungiswe ngapha, umlilo uqubuke kwenye indawo. IMeya ithe le nto ayihlangene namathenda noma nabantu abafuna umsebenzi bangaphandle kodwa inesandla sezepolitiki abafuna sihlale obala ngoba namaqembu aphikisayo ababoni ukuthi ahlangene nalesi simo.

"Isikhungo esise-Eastwood esibiza phakathi kwezigidi ezingama-R65 nezingama-R75 sishisiwe. Uyabona ukuthi ukushiswa kwaso bekuhleliwe. Kuthe sisathuswe yilokho, kwashiswa esinye esikuPine Street. Lokhu bakwenze izicishamlilo zisematasa zicisha lesi esinye. Uyabona nje le nto yenzeka nje kuthe ngoMsombuluko zingama-20 kuNtulikazi lapho kwakunephephandaba elalibika ukuthi siqeda izinyanga eziyisithupha siyilwile indaba yokucekelwa phansi kwezikhungo zikagesi," kusho uThebolla.

Uthe ngoMasingana kucekelwe phansi izikhungo ezahlukene esikhathini esiyizinyanga ezintathu. UThebolla uthe lo mkhuba ubusumile kodwa kuthe emva kwezinyanga eziyisithupha kwaqala phansi. "Ekuqaleni bekunesimo salaba bantu bamazwe angaphandle abakuleli ngokungemthetho abebelwa kwezinye izingxenye zaseMgungundlovu. Nokho okwabo bekuhlukile. Yikho sikholelwa ekutheni konke lokhu kuyitulo lezepolitiki eliphehlwa abathile esikholwa ukuthi izinhlaka zomthetho zizobaveza obala. Uyabona thina esabasemzabalazweni siyakuqonda ukuthi uma usushisa izikhungo noma inqalasizinda kaHulumeni usuke lapho ungasalwi nosopolitiki kodwa usulwa noHulumeni uqobo. Nalaba abenza lokho bayafana nabavukela



**Umlilo oqubuka endaweni yokulahla imfucuza eMgungundlovu**
Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo



**Esinye sezikhungo zikagesi esishiswe isigubhukane eMsunduzi**
Isithombe: nguNokuthula Ntuli

umbuso," kuchaza uThebolla.

Uthe okunye ukuthi amaqembu aphikisayo ayancoma ngomsebenzi abawenzayo kuMasipala nasekulingiseni uMsunduzi. "Leli dolobha beliyihlaya isikhathi eside kuthiwa yiCapital City of Filth ngendlela ebelingcola ngayo. Manje uma sekunje siyadideka ngoba besivele sihlushwa ugesi njengoba kusebusika kodwa sazama ukusukuma salungisa kwaze kwahlelwa nokuba kuvulwe izikhungo ezintsha zikagesi ezizolekelela ukwehlisa umthamo obhekene namandla kagesi esinawo. Kuthe kuse njalo zashiswa kwaze kwathukuthela umphakathi watoyiza. Iqiniso nje nomnotho ushayeke kakhulu ngoba umgwaqo omkhulu kazwelonke u-N3 uvalwe izinsuku ezintathu kwathi idolobha lavalwa isonto lonke ngenxa yentuthu ebidalwe ukushiswa kwesinye isikhungo sikagesi," usho kanje.

Uthe bakhathazekile ngokwenzekayo kodwa bayabona ukuthi inhlese yepolitiki edlalwayo ukwenza ubuholi bakhe bubonakale njengobehlulekayo.

UThebolla yena uthembe umthetho ukuthi uzoba beka obala abenza lokhu.

"Ezinye izindawo ezithinteke kakhulu zisondelene nesigxobo sikaTelkom esisiza ngobuxhakaxhaka bokuxhumana. Manje naso sishile nokwenza kube nzima ukuba batholе okokuxhumana ngoba kumele kube uTelkom obalungiselayo ukuze bakwazi ukubuyelwa okokuxhumana. Sinaleyo nkinga enkulu lapha eMsunduzi esibhekene nayo ngalesi simo," kusho uThebolla.

**Ziphefumulile izakhamuzi**

Ziphawula ngalokhu izakhamuzi zakule ndawo zikhale ngokuthi lesi simo sifaka ingcindezi ngesikhathi sokhuvethe. UMnu uThino Ngcengeza uthi: "Intuthu ingena endlini nihluleke ukuphefumula ngisho ungavala zonke izintuba zomoya iyangena, ifika izinze, izinza nasemaphashini.

Abanezinkinga zesifuba nencikene nazo bathinteka kakhulu. Akuqali lokhu nangonyaka ofile bekuyiso lesi. Ukhuvethe nale ntuthu isikhali sokusheshisa ukuthi siyolusa amadada."

UMnu uMthokozisi Xulu yena uthe: "Ngiqhele ngama-35km edolobheni kodwa isimise kabi nayi intuthu. Ubusuku nemini kuyefana kunzima kwakuphefumula." Omunye ozibize ngoSakhile Sibusiso uthe: "Kubi kubi kakhulu mina engihlala edolobheni besingakwazi nokuneka kahle izimpahla zethu ezigqamile ngoba ziyangcola ngisho idolobha uqobo awuqondi noma uMasipala uyasebenza noma utelekile ngendlela elingcole ngayo. Ewu waze wangcola uMgungundlovu!"

**Ngezinsuku zeMeya uNjilo**

Ngesikhathi sikaNjilo kuthiwa kwakuke kuvukwe ekuseni kuchithwe udoti ngase-Agricultural Show, lapho okwakusuke kuzoba nomcimbi wokuvulwa kweSishayamthetho.

UNjilo wathi ezinye izigigaba zimenze wacabanga ukushiya kodwa akayindawo ngoba naye uyindoda. Nokho kwaphela unyaka esho kanjalo ngemuva kwalokho yawulahla umthwalo imbongolo.

Kuye kuthiwa babemshaya ngokucekela phansi izindawo zokugcina imfucuza noma bayithwale bayilahle emgwaqeni ebalulekile edolobheni laseMgungundlovu. Okunye kuthiwa wayebuye ahlushwe osopolitiki abathile ababezifikela mathupha ehhovisi bayomkhomba emehlweni ukuthi bafuna yiphi ithenda ngenkani.

EZOMPHAKATHI

# Kuqubuke umbhikisho ngokuphela kukagesi

**nguSiyethaba Mhlongo**

Ebusuku mhla zingama-23 kuNtulikazi kunguLwesine kwasha indawo ephaka ugesi iMasons Mill. Lesi siteshi siphaka ugesi e-Afrox, eSomta tools, isibhedlela i-Eden Park, iRidge Park, ingxenye yeCamps drift, isiteshi sesifutho samanzi Umgeni, iScottsville kanye nengxenye yeRichmond Crest. IMeneja kagesi uMnu uThabani Madlala ithe: "Umlilo owasha kuleya ndawo wawunamandla kakhulu, izisebenzi zikaMasipala sasingeke sizibeke engcupheni yokuyosebenza kuleya ndawo ngenxa yokuthi sasisalinde izinto zikagesi ziphole."

Ezinyangeni ezimbili ezedlule leli phephandaba labika ngezinswelaboya ezabanjwa zeba izintambo zikagesi. UMadlala uthe imbangela yokusha kwaleya ndawo ayikaziwa. "Kunezizathu ezininingi ezingaholela ekutheni ishe kepha ukuntshontshwa kwezintambo kunomthelela omkhulu. Ekuqaleni uma bezama ukuntshontsha izintambo ubuzicimela wona kepha ngeke wathembela kubuchwepheshe kusho ukuthi behlulekile."

UMadlala uthe umonakalo ngeke ubize izigidi ezingaphansi kweziyisi-R6. Umphakathi wakwaWadi 24 okuyiRichmond crest, iRidgePark, iSouthlands kanye nase Scottsville bavale umgwaqo omatasa uR56 ngoMsombuluko bekhononda ngokuhamba kukagesi.

UMadlala uthe: "Ngenxa yokhuvethe sibeke phambili ukuxhumela i-Afrox ngoba yiyo ehlinzeka ngomoya izibhedlela, uma bengeke bakwazi ukusebenza bona kusho ukuthi sizolahlekelwa imiphefumulo eminingi edolobheni lethu."

Uqhube ngokuthi babe sebenza izindlela ezintsha zokuxhuma ugesi ngesikhathi besalungisa lapho okushe khona.

"Umsebenzi omningi sewenziwe kodwa ngeke sikubalekele ukuthi ugesi wethu uyasindelwa ingakho sibone kumqoka ukuthi sibe nohlelo lokucimela abanye ugesi ngesikhathi kusakhiwa kwabanye (Load shedding). Ukubaxhumela kwethu kwezinye izindawo lokhu kube nomthelela ongemuhle njengoba kade sekuphazamiseka nezinye izindawo ngenxa yokwesindwa kwamandla. iMurdock White Sub ephakela iWastegate, iGrange, iBuffer neMpumelelo ilokhu yehla ngenxa yokunyuswa kwesibalo osiphakelayo."

Uthe abakwenzayo nethimba lakhe ukwenza isiqiniseko sokuthi abaxhamazeli uma bexhumela izakhamuzi ukugwema ukwenza amaphutha, baphinde bavikele



**Indawo ephakela ugesi eshisiwe**
(Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

impahla ethengwe ngemali eshisiwe. "Kusisizile ukusebenzisana nethimba lakwa-Eskom sikwazile ukusheshisa ukusebenza."

Ngesikhathi kuqhubeka umbhikisho iMeya uKhansela uMzimkhulu Thebolla kanye neSekela Meya uManilal Inderjit bavakashele lesi siteshi esishile ukuyozwa kwabasebenzayo ukuthi bazokwazi nini ukuhlinzeka umphakathi ngogesi. Ngenkathi iMeya ithéleka ithimba labasebenza ngogesi bese limi ngomumo ukuyoxhumela labo abangenawo kepha bebevinjwe ukuvalwa komgwaqo. IMeya ifike umphakathi udinwe ugane unwabu yabanxusa ukuthi badlulise ithimba liyobaxhumela. Umphakathi ubusunalo ulwazi ukuthi isiteshi sishile, kukhona abebefika konogada bazenze izisebenzi zakwa-Eskom bangene bathwebule izithombe ebese zisabalele endaweni abahlala kuyo.

Imibuzo ebiseqhulwini bekuwukuthi bazoxhunyelwa nini ugesi? okwesibili ukuthi izinto ezonakele emafrijini emizini yabo ngenxa yokungabi nogesi bazozenjani? IMeya uThebolla iphendula ithe: "Sicela labo abathi bonakalelwe okuthile baye kumahhovisi kaMasipala eProffesor Nyembezi 9th floor bafake isicelo sokukhokhelwa khona noMasipala uzokwazi ukufaka isicelo kumshwalense wawo. Ngokukhulu ukuzithoba sithanda ukuxolisa ngalokhu okwenzekile."

IMeya inxuse umphakathi ukuthi ngesikhathi kusalungiswa isiteshi esishile uMasipala nomphakathi ucela babe nokuvumelana ukuthi kuzoba nokucishwa kukagesi ngoba uyasindwa futhi ngezikhathi lapho umthamo wabantu ususebenzisa ugesi kakhulu phakathi kwehora lesi-16h00 kuya kwelesi-19h00 ukulindele ukuthi kuzoba nokuphazamiseka ngoba baningi abazobe besebenzisa ugesi.

NgoLwesithathu uMsunduzi News uhambele iRidge park okungenye yezindawo ebeziphelelwe ugesi. Olilungu lomphakathi uNks uNoxolo Ntshangase uthe: "Lokhu esikwathulelwa iMeya sakwamukela, ebesingakuzwa kahle siwumphakathi ukuthi kuthuleke nje, nokho siyabona ukuthi kukhona okuthile uMasipala owawukwenza ngaleso sikhathi ukuthi kuphela babengakezi emehlweni ethu, ingakho badluliswa kwabonakala umehluko futhi ingakho kungathathanga isikhathi eside sahlukana isixuku."

EZOBUCHWEPHESHE

# INhlokodolobha neWi-Fi yamahhala

**nguSabelo Maphumulo**

NGESIKHATHI lapho umnotho wezwe ungemuhle, isibalo sabantu abangasebenzi siphezulu nalabo abebekade besebenza belahlekelwe imisebenzi ngenxa yokhuvethe kodwa abantu basakudinga ukuxhumana nezihlobo zabo ikakhulukazi njengoba kusasesigabeni semvalelwakhaya ngenhloso yokunqanda ukubhebhetheka kwalesi sifo.

Izinto eziningi manje sezisebenzisa ubuchwepheshe besimanje ukuthi zenzeke okudinga i-intanethi.

Kube nemibhikisho eminingi ngisho ezinkundleni zokuxhumana ngenxa yedata elimba eqolo kwaze kwavuka isiqubulo esithi #datamustfall. Izakhamuzi zaseMsunduzi sezibe nenhlanhla ngokuhlinzekwa nge-intanethi yamahhala. Ukuvulwa kwebroadband kwenzelwe esikoleni iVezokuhle Primary kwaMpumuza kanti nothi lwayo lukuso lesi sikole ngenxa yokuthi sisentabeni ngakho siyakwazi ukuphakela ezinye izindawo zaseMsunduzi.

Lesi sikole sakhiwe endaweni yeNkosi uZondi. Ukuvulwa kwale broadband bekwethanyelee nguNgqongqoshe Wezokuxhumana uNkk uStella Ndabeni-Abrahams.


UNgqongqoshe uNdabeni uthe: "IKwaZulu-Natal ephucuzekile kade yadingeka njengoba ukhuvethe selutshengisile ukuthi asisekho isikhathi okumele sisilinde, kufanele kushintshe indlela obekusetshenzwa ngayo njengoba abantu bengasathandi ukuya ezinxanxatheleni zezitolo ngenxa yokhuvethe sebethanda ukuthenga nge-intanethe. Ngakho-ke siwuHulumeni kumele sihlinzeke ngalokho."

Uqhube ngokuthi ukwentuleka kwe-intanethi kuvimbela abantu ukuthi babambe iqhaza emnothweni. "Siyazi ukuthi lolu hlelo luzosebenzela wonke umphakathi, ngeke lulale izintuli emva kokuba seluvuliwe. Isifundazwe iKwaZulu-Natal sizobonisa ukuthi kuyenzeka hhayi ngoba senzelela kepha ngenxa yokuthi ubuholi baso bulukhuthalele udaba lokusebenzisa ubuchwepheshe kuso."

Uveze ukuthi bebezonikela ngama laptop angama-23 esikoleni iVezokuhle kepha ngenxa yokuzwa ukuthi lesi sikole sinezingane ezingaphezu kwama-300 uzongeza ngangama-50. "Sizothatha intsha engama-500, lapho asihlosile ukuthi sithathe izifundiswa kuphela kepha nalabo abangenaziqu, ukuze bezobona ukuthi bangasebenza uma sekuziwa ngasebuchwepheshesheni futhi bakwazi ukwenza imali," kusho yena.

UMphathiswa woMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvasha Nezemvelo KwaZulu-Natal, uNkk uNomusa MaDube Ncube, uthe inetwork iyinkinga kulesi sifundazwe njengoba bengama-9% abane intanethi kuso. "Ukuhamba kancane kwebroadband kwenza ukuthi sibe nenkinga kunetwork. Singathanda ukuthi lolu hlelo silubone lushesha ngoba abafundi emanyuvesi bayakhononda ngenxa yokhuvethe, abakwazi ukuqhubeka nezifundo zabo," kusho uMaDube Ncube.

Uveze ukuthi oMasipala iKokstad, iNewcastle, iKing Cetshwayo neLembe sebenayo ibroadband. Kulolu hlu sekungene noMsunduzi.



**UMphathiswa uMaDube Ncube noNgqongqoshe uNdabeni-Abrahams** (Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

"NjengoHulumeni singathanda ukubona omasipala besebenzisa lolu hlelo ukuqoqa imali, sizodinga ukwesekwa nguwe Ngqongqoshe (Ndabeni-Abrahams) ukuze lolu hlelo lusheshe," uMphathiswa.

Uqhube wathi ubona uhlelo olufike noNgqongqoshe lokufaka i3D printing lomqoka kanti nezingane zizokwazi ukuzakhela ziphinde zikhiqize amathoyizi azo. Ukuchaze lokho njengendlela ephusile yokuthuthukisa ukucabanga kwengane. Uthe le Wi-Fi yamahhala eMsunduzi izoze ifike ngisho esibhedlela e-Edendale naphakathi edolobheni njengoba ikhona nasemarenki.

Uthe bewuHulumeni sebesezinhlelweni zokuhlinzeka ngeWi-Fi yamahhala kuzakhamuzi zaKwaZulu-Natal ngoba bahlose ukudala amathuba emisebenzi. "Ngenkathi kwakhiwa lesi sigxobo bekusebenza omakhelwane abakhele lesi sikole kanjalo nabantu baseMbali, e-Edendale nase-Elandskop," usho kanje.

Uqhube wathi bafuna ukuba yisifundazwe esiphucuzekile, esisebenzisa ubuchwepheshe kodwa lokhu okunzima ukukuzuza uma inetwork ingekho. "Siqinisekise ukuthi sisebenzisa izinto ezakhiwe lapha ekhaya, okuhlinzeka ngomlilo lesi sigxobo kwakhiwa eDube Tradeport,"kusho yena.

UDkt uRolls onguchwepheshe ku-Information Technology uthe: "Sabona igebe okumele silivale endaweni yasemakhaya enenkinga yenetwork. Uma siyokhothama eNkosini yakule ndawo yacela ukuthi sisebenzisane ngoba inenkinga yenetwork, uma siqhubeka silandelela sathola nokuthi uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo nawo usezinhlelweni zokwenza uhlelo olufana nalolu, ilapho sikwazile ukuthi sisebenzisane."

Uqhube ngokuthi ngesikole iVezokuhle bebebonisa ukuthi ubuchwepheshe bangabuletha ezindaweni zasemakhaya. URolls uthe le broadband ihambe ize ifike e-Elandskop nakuMaspala uMshwathi athe kulingana nebanga elingamakhilomitha angama-40. Uveze ukuthi uMhloniswa uMaDube Ncube wabanxusa ukuthi basebenzise ingqalasizinda ekhona ukuze bagweme izindleko kanjalo nosomabhizinisi abancane ukuze nabo bathuthuke. "Lo msebenzi wenziwe ngosomabhizini abancane abangama-21. Lolu hlelo sasinesifiso sokuthi ludale amathuba emisebenzi," kusho yena.

Obunye ubuchwepheshe obuthulwe nguRolls ilapho izingane zaseVezokuhle zakha amarobhothi ngokwazo. Waphinda wethula amadrone.

"Ngamadrone sifisa izingane zikwazi ukuthi uma zenza izifundo zesayensi bese zisebenzise wona ngaphandle kokuthi zize ziye lapho njengososayensi. Sifuna izingane zasemakhaya eziphucuzekile ezizokwazi ukucabangisa okosomabhizinisi," kusho yena. Izingane zaseVezokuhle zikwaze ukuxhuma amarobhothi zisebenzisa i-intanethi, zase zindizisa amadrone ukubona endaweni ebuqamama nasesikoleni.

UMNOTHO WENDAWO

# UMsunduzi uqinisekisa umnotho wendawo

**ngu-Anathi Mtaka**

ONGOTI bathi ukhuvethe luthikameze umnotho emhlabeni wonke jikelele. Njengengxenye yokwenza isiqiniseko sokuthi eMsunduzi uyafukuleka umnotho ngalesi sikhathi sokhuvethe iMeya uMzimkhulu Thebolla ivakashele inkampani i-ATM Tobacco Manufacturers ekhiqiza ugwayi, esendaweni yezimboni eMkondeni.

UMqondisi we-ATM Tobacco Manufacturers uMnu uYusuf Kajee uthe: "Manje esesikwenza ukuthi sisusa lapha esakha khona ugwayi eZimbabwe siwuletha lapha eMsunduzi sisebenzisa izigidi ezingama-R500. Manje sakha indawo yokukhiqiza eyizi-10 000 m2. Lokho sikwenziswa ukuthi iZimbabwe neNingizimu Afrika iwona mazwe anogwayi ohamba phambili emhlabeni wonke jikelele."

Uthe uma seyiphela le ndawo abayakhayo bazoqasha okungenani izisebenzi ezingama-200. "Zimbili izindlela esingenza ngazo. Ukusebenzisa ubuchwepheshe noma ukuthi kusebenze abantu. Thina sinesifiso sokuqasha abantu, ingakho sikhetha le ndlela yokuthi kusebenze abantu, lokho okungelula, kodwa sizokuzuza ngoba inhloso kuwukudala amathuba omsebenzi," kusho uKajee.

Le ndawo ivuliwe njengoba kuyisigaba sesithathu sokuvalwa kwezwe, iyaqhubeka nokukhiqiza ugwayi, nanoma ungavumelekile ukuthengisa lapha eNingizimu Afrika. UKajee uthe: "Siyaqhubeka nokukhiqiza ugwayi othunyelwa kwamanye amazwe njengoba kuvulelekile ukuthi iphume impahla kuleli. Esingawukhiqizi owakuleli ngoba njengoba kuvalwe izwe akuvumelekile ukuwuthengisa."

Uthe kuyamangaza ukuthi lapha eNingizimu Afrika abantu abathandi ukuthenga ugwayi wabo ngoba ushibhile, bancamela ophuma emazweni apheseya kwezilwandle omba eqolo. "Abantu bakithi bancamela obizayo bazitshele ukuthi ingenxa yendlela owakhiwe ngayo kanti abazi ukuthi kusuke kubalwa nemali ohanjiswa ngayo uze ufike kuleli. Thina asinawo umgolo, uma senze inzuzo yesihlanu asinankinga kunokufuna ukwenza inzuzo yeshumi noma upondo qede ukuthengisa kuhambe kancane," usho kanje.

Uthe babayazi ubumqoka beholo ezisebenzini zabo, wathi uyakuqinisekisa ukuthi njengoba sebeshintshe indlela yokusebenza ngenxa yokhuvethe, okungukwehlisa isibalo sezisebenzi ukuze kuhlonishwe igebe elikhona phakathi kwabantu kodwa akekho noyedwa ongaholanga iholo eliphelele.

"Siyayazi ingcindezi uHulumeni abhekana nayo ngenxa yamazwe. Ngelanga sisebenzisa amalitha angama-30 000. Ingakho sanquma ukuthi sisebenzise izigwedlo ukuzama ukonga amanzi nokungafaki ingcindezi kuHulumeni," usho kanje.



**IMeya uThebolla noMnu uKajee**

(Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

Umqondisi uthe okunye abakwenzela uHulumeni kube ukwakhela amaphoyisa isiteshi endaweni yabo.

"Kule ndawo yezimboni isiteshi esiseduzane singamakhilomitha ayisi-7. Ngenxa yokuthi siyafisa abanye abanesifiso sokulondoloza lapha eMsunduzi bangakubukeli kude ukuphepha, bazi ukuthi isiteshi samaphoyisa siseduze nendawo yabo. Ngezinhlelo esibe nazo neSouth African Police Services ngabe sesiyasebenza inkinga kube ukuvalwa kwezwe," kusho yena.

Lesi siteshi samaphoyisa sinanendawo yokugcina izinswelaboya. Uqhube ngokuthi njengengxenye yokubuyisela emphakathini bavule indawo yokudlala ichess. Uthe baqeda ukwakha indawo yokudlela ezobe ithengisa ukudla lapho izisebenzi zikaHulumeni zizobe zithenga ukudla ngentengo eyehlisiwe.

"Izwekazi i-Afrika linothe kakhulu. Kuphela nje kumele sishintshe ukucabanga kwezingane zethu ngoba izona eziykusasa laleli zwe futhi sizikhuthaze ukuthi zingabheki ukuqashwa kepha zidale amathuba omsebenzi."

IPR khansela uMahmood Oumar uthe: "Lo msebenzi kade waba isifiso sami ukuthi ube kuleli zinga okulo.Ukuqhubeka kwalo ngibonaukukhanya ngoba uzolekelela izakhamuzi zaseMsunduzi. Siyakuqonda ukuthi ikusasa laleli dolobha lincike ekutheni singamele amabhizinisi siphinde sinxenxe labo abanesifiso sokulondoloza kulo."

IMeya uThebolla idlulise ukubonga egameni lezakhamuzi zaseMsunduzi. "Okuseqinisweni bengingazi ukuthi kuningi kangaka okuqhubekayo. Okumqoka kithi njengedolobha ukuqinisekisa ukuthi umnotho uyafukuleka, imsebenzi iyasunguleka khona kuzokondliwa izingane kuphele nobubha. Engizokuqinisekisa ukuthi njengoba ninesifiso sokukhula sizoneseka, siyakholwa ukuthi lokhu kuzohamba ibanga elide," kusho iMeya.

Iphethe ngokuthi ngeke ikushiye ngaphandle ukuthi ifisa ukubona ulwazi ludluliselwa kulabo ababecindezelekile ekuqaleni kuleli zwe. UKajee uthe: "Lapho Meya siyaqinisekisa."

# Siyaphothulwa isigaba sesi-3 kwaJika Joe

**nguSiyethaba Mhlongo**

NGENXA yezinxushunxushu eziningi kubenezinkinga ngokuphothulwa kohlelo lwezindawo zokuhlala kwaJika Joe. Isikhulu sophiko olungaphansi Kwezokuhlaliswa Kwabantu oyiProject Manager eMsunduzi uMnu uPhumlani Mbeje uthi uhlelo lokwakhiwa kwezindlu kwaJika Joe seluhamba kahle into ebibambe umsebenzi ukuthi uhlukaniswe izigaba ezine, okuwuphase 1, phase 2 ohlukene kabili u-A kanye noB bese kube uphase 3.

UMbeje uthe okwamanje umsebenzi oqhubekayo okaphase 3 obekuyindawo ebikhona kwaJika Joe ebiyinkundla yezemidlalo okwakuyiTertem. "Okwenze ukuthi siqale ngalesi sigaba ingoba indawo eningi kwaJika Joe idliwe imijondolo njengoba kunezakhiwo zemijondolo eziyi-3002 okudinga ukuthi lezi zakhiwo zisuswe ukuze kwakhiwe lezi zindlu futhi uhlelo luqhubeke kahle."

Uqhube ngokuthi abanye babo ngeke bakwazi ukuthi bangene ezindlini ezikhokhelwayo ezakhiwa kuleya ndawo kepha kubiza ukuthi uMasipala ubakhele ezemixhaso ngoba abanayo imali engenayo ngenyanga. "Zihlonziwe izindawo okuzokwakhelwa kuzo laba bantu okuyiSignal Hill kanye neThembeni," kusho uMbeje.

Echaza ngalo msebenzi oqhubekayo kwaJika Joe uthe zindlu zakwaJika Joe zingena ngaphansi kohlelo lokukhokha ngenyanga. Uthe abazokwazi ukuthi bahlale kuzo kuzobhekwa ukuthi umuntu ungenelwa imalini phakathi kwama-R800 kuya kuzi-R3500 ngenyanga.

"Ocwaningweni sithole ukuthi kunabantu abaningi okungasibona bokuzalwa kuleli abaqhamuka emazweni angaphandle ababalelwa kuma-36% kubantu abahlala kuleya ndawo. Abantu abangena ngaphansi kohlelo lwemizi ebheka iholo bangama-782, lapho kubhekwa ukuthi uhola kangakanani phakathi kwe-R0 kuya kuzi-R3500. Bese okumele bakhelwe izindlu uHulumeni mahhal bangama-784 okuyilabo abazoya kulezi zindawo ezihlonziwe. Abangama-800 abahola phakathi kwama-R800 kuya kuzi-R3500 abangena ngaphansi kohlelo lolu oluqhubekayo bayi-1023 okungama-34% wesibalo sabantu abakwaJika Joe," kulanda uMbeje.

Uthe kukhona abahola ngaphezu kwezi-R3500 abangena ngaphansi kolunye uhlelo lwezindlu okuthiwa iSocial Housing. Lolu okuba uhlelo lwezindlu oluba sezindaweni ezisondelene nedolobha. "Ekuqaleni uJika Joe wawungena ngaphansi kweSocial Housing kodwa ngokubonakala ukuthi abantu bakwaJika Joe basondelele ezindaweni zomsebenzi ngoba abanamali ukukhokhela izindawo ezibizayo, ingakho banquma ukwakha imijondolo," kusho yena.

Uqhube ngokuthi uMasipala uke wazama ukwakhela izakhamuzi zakwaJika Joe njengoba iningi labo linezindlu abaqashisa ngazo eFrance. Uthe ngenkathi bakhelwa iphutha elenzeka ukuthi sishaywe indiva isizathu sokuthi kungani besondelene nedolobha, okuwukuthi bazizamele kahle eduze nedolobha, okwaholela ekutheni bazishiye izindlu babuyele emijondolo yabo.

"UMasipala ubeke ukuthi kunokuthi ubasuse laba bantu kungcono ubakhele lapho bekhona uhlelo oluzokwazi ukuthi noma ubani ohleli laphaya akwazi ukuhlala ngoba iningi labantu



**Izindlu ezakhikwa kwaJika Joe** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

abahlala khona baqashile, bakhokhela imikhukhu. Imali abayikhokhayo iyathusa ngoba iqala kuma-R500 ngenyanga, okuyimikhukhu engenamanzi kanye nogesi," kusho yena.

Uthe isona sizathu esaholela ekutheni kungabi iSocial Housing. Uthi lokho ikona okwabambezela umsebenzi ngoba uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, okuyiwo okhipha imali ukwakha lezi zindlu wawuthi akukwazi ukuba icommunity residential unit (CRU) endaweni ephakathi edolobheni, kwaze kwabiza ukuthi uMasipala ubeke izizathu ezinqala ukuthi kungani kumele kube iCRU.

UMbeje uthe isigaba sesithathu lesi esiqhubekayo basiphuthuma ngendlela yokuthi ngoZibandlela kophezulu kumele sibe sesiphelile bese kuthathwa ingxenye yezakhamuzi zingene ngaphakathi, kusale kuvuleka isikhala ukuze kukwazi ukuthi kuqale isigaba sokuqala okumele engabe sakhiwa lapho okunemijondolo okwamanje.

"Kusuka lulunye kuMasingana kuzobe sekuhlala abantu abangama-452. Isizathu sokuthi sibafake ngalolu hlelo ukuthi asinayo imali yokubakhela izindlu zesikhashana, bese ukwakhiwa kwezindlu kuqhubeke ingakho kwahlukaniswa izigaba."

Mayelana nokusalela emuva kohlelo lwezindlu zemixhaso uma kuqhathaniswa nomsebenzi wakwaJika Joe, njengoba yona isasesigabeni sokuhlela uthe: "Inhloso kwakuwukuthi ngesikhathi kwakhiwa kwaJika Joe nemixhaso ibe yakhiwa ukuze nabantu basuswe kwalula."

EZOKUPHEPHA

# Konke kumi ngomumo ukubhekana nemililo

**nguSiyethaba Mhlongo**

EZINYANGENI eziyi-6 ezedlule uMasipala waqoka inkampani iSurg Suit ezoqapha indawo enkulukazi yokulahla imfucuza iNew England Road Landfill Site. Ukuqubuka kwemililo nyakene besekuyinto ebingasabaleki. Nokho ukufika kwale nkampani kukunqandile ukusha kwale ndawo njengoba kulawulwa ngisho abantu abangena khona. Nokho emva kwesikhathi eside kwagcina ukubikwa ngomlilo usuphinde waqubuka. Onogada bahlabe umkhosi phakathi kwamabili mhla zingama-20 kuNtulikazi ukuthi sekuqala umlilo.

UMnu uWilson Mhlongo oyisikhulu esiphezulu se-Unit uWaste, oqale ngoMbasa uthi indlela abayisebenza ngayo iLandfill basuke bekucabanga ukuthi umlilo ungaba khona kepha kumele ulawuleke kalula ngenxa yokuthi balandela imgudu yokulawula iLandfill. "Esingakusho sikuqinisekise ukuthi bebengekho laba bantu abaphila ngokucosha imfucuza ngesikhathi sokuqala komlilo, ikakhulukazi njengoba bebebuye balale ngaphakathi esikhathini sangaphambilini, manje akusekho muntu osevumelekile ukuba abekule ndawo kusuka ngehora lesi-5 ntambama. Kusuke sekuvumeleke onogada kuphela kodwa esingeke sakumbathisa ukuthi lufakiwe ucingo kodwa esikutholile ukuthi sekuvulwe upotsho, esingeke sakuqinisekisa ukuthi uvulwe ngoba kuqala umlilo noma uvulwe nini lokho kusazolandelelwa."

Uqhube ngokuthi indela abasebenzisana ngayo nale nkampani yenze kube lula ukulawula umlilo njengoba ezikhathini ezedlule umlilo bewusha ubuhanguhangu iLandfill yonke kepha manje sekusha isiqephana esincane. "Senza isiqiniseko sokuthi uma senza amaqhingasu okulawula le ndawo uma singakagqingqi siqala ngokwenza imfucuza iziqeshana nokuthi kube lula ukuhamba phakathi kwayo. Ikona lokhu okwenza kube lula ukuthi izicishamlilo zihambe phakathi kwayo nokwenza lo mlilo bawunqobe ngokushesha," kusho uMhlongo.

Lo mlilo uqubuka nje ngenyanga eyedlule bekuvulwa ngokusemthethweni iweighbrigde, okungezinye zezinto ezilawula imfucuza engena kule ndawo futhi ekwaziyo ukuhlonza leyo mfucuza enobungozi engaholela ekutheni kuqubuke umlilo.

UMhlongo uthe: "Ukuvula kwethu iweighbrigde kusilekelelile ngokuthi sikwazi ukubheka imfucuza engena kule ndawo (Landfill site) kepha imfucuza ekhiqiza igesi imethane eyenza ukuthi kubelula ukuqubuka komlilo futhi kuthathe isikhathi eside ukuba ubonakale umonakalo walowo mlilo, noma sekubonakala amalangabi futhi ngesinye isikhathi kuyenzeka angabi bikho amalangabi kepha kube nentuthu nje kuphela."

> "Ukuqoka le nkampani kusilekelele kakhulu njengoba kuyibo abaqaphe le ndawo futhi kuyibo abakwazile ukuwubona ngokushesha

Uthe basebenzise amaloli amanzi kaMasipala amathathu, izicishamlilo ezimbili, amapay loader amabili kanye necompactor eyodwa eqinisekisa ukuthi uvimba umlilo ukuba ungakapakeli kulezi ezinye izindawo ezingenawo umlilo.

Uveze ukuthi uMasipala wesifunda uMgungundlovu unikele ngeloli kanye nezisebenzi ezicisha umlilo, uMnyango Wezemvelo wanikela ngezicishamlilo kanye nezisebenzi zohlaka lwawo iWorking on Fire, iDurban Metro inikele ngezimoto ezicisha umlilo kanye nezisebenzi. Lonke lolu sizo uMhlongo uthi kuthe kusa besebefikile endaweni yesigameko ukuzolungisa umonakalo.

"Inkinga esinayo njengamanje ukushoda kwemishini okuyiyo esebenza ilandfille site kodwa sisebenzile ngale mishini esinayo noma inganele, okuthokozisayo ukuthi uMasipala unaso isixazululo njengoba kusabelomali sakulo nyaka wezi-2020-21 ibekwe imali yokuthenga imishini esingakungabazi ukuthi izolekelela kakhulu ekuletheni ushintsho kulandfill site," kusho yena.

Uqhube ngokuthi bebeqashe icompactor eyodwa efike yehluleka, bebesalinde inkampani ibathumelele enye.

"Lolu hlobo lomlilo bekungelona olujwayelekile njengoba belokholeke izingxenye ezithile kungasiwo umlilo okulula ukugxila endaweni ethize ingakho kuthathe isikhathi esingangesonto ukuwucisha," kusho yena.

UMnu uMbongeni Mathe oyiSikhulu Esiphezulu soMnyango iCommunity Services lapho imfucuza ingolunye lophiko olungaphansi kwakhe uthe: "Ukuqoka le nkampani kusilekelele kakhulu njengoba kuyibo abaqaphe le ndawo futhi kuyibo abakwazile ukuwubona ngokushesha. Inkinga ngalo mlilo akusikhona ukuthi uvele ucishwe nje njengowotshani okumele uthele amanzi, wona udinga ukuba kumbiwe ukuze ucishwe nangaphansi ngenxa yegesi engaphansi eyenza kubelula ukuthi umlilo usabalale."

UMnu uMathe uphethe ngokuxolisa ngalo mlilo kulabo abakhele uMsunduzi.

"Siyazi ukusha komlilo akusiyo into enhle ingakho senza konke okusemandleni ukuthi ucishwe ngokukhulu ukushesha futhi uma senza amaqhingasu okulawula ilandfill senza isiqiniseko sokuthi nomlilo asiwulibali. Usizo esilutholayo siyalwamukela kakhulu futhi lwenza omkhulu umehluko ngokusebenzisana kwezinhlaka zikaHulumeni," kusho uMnu uMathe.

UKHUVETHE

# UMsunduzi usuyisidleke sokhuvethe

**nguSiyethaba Mhlongo**



Ngesinye sezikhungo sokuholela izibonelelo zikaHulumeni (Izithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

NGOKWEMIBIKO evela kuMnyango Wezempilo esifundazweni iKwaZulu-Natal isifunda uMgungundluvu silele isibili ngesibalo sabantu abahaqwe ukhuvethe esifundazweni kanti kuso isifunda uMsunduzi yiwo ohamba phambili ngesibalo kulabo Masipala abayisi-7 abakhele uMgungundlovu. Ubuholi bukaMasipala wesifunda bubambisene nobaseMsunduzi sebunqume ukuqwashisa futhi bufundise izakhamuzi ngokumele zikwenze ukugwema ukuhaqwa ilolu bhubhane.

IMeya yoMgungundlovu uKhansela uThobekile Maphumulo isebenzisane nezinhlaka zoMsunduzi ukuhamba bememezela edolobheni kanye nasezindaweni zabantu ukuze bangabambi imihlangano njengoba kungasavumelekile ukuhlanganisa abantu kulesi sikhathi samanje. IKhansela uMaphumulo lithe: "Siyayazi ingcindezi esibhekene nayo, siwuMasipala sithe asiphume siyokhuluma nemiphakathi yethu ngoba indlela izinto ezenzeka ngayo akusiyona le okuthiwe asiyenze."

Ube esenxusa umphakathi ukuthi ulandela le miyalelo ekhishwe uMengameli uCyril Ramaphosa. Njengokuthi uma uvuka kumele ugeze izandla ngaphambi kokuba wenze okuthile, qede ufake amanzi ashisayo nosawoti uhahaze, sewungaqhubeka nezinhlelo zosuku. Uphinde wanxusa amalungu omphakathi ukuthi labo abanamandla bathenge isibulalimagciwane bese singahlukani nabo khona bezosisebenzisa noma ngabe ikuphi.

"UMengameli usememezele ukuthi ukufaka isimfonyo kuyimpoqo, ongasifakile usephambene nomthetho. Ngicela singazitholi sesiphambene nomthetho ngenxa yezinto esingazigwema. Ngicela kuphinde kube umkhuba wethu ukuthi sigcine igebe phakathi kwakho nomuntu oseduze kwakho ukuze singathelelani ngaleli gciwane," kusho iMeya uMaphumulo.

Udaba lwemingcwabo akalishiyanga ngaphandle, uMengameli wamemezela ukuthi abantu okumele bathamele imingcwabo abangama-50.

"Yebo kubuhlungu ukungangcwabi loyo obesondelene nawe kepha sicela sike sithibe okwesikhashana," kusho yena. Uqhube ngokuthi abazali akukabangeni ukuthi bashintshe indlela yokwenza njengoba besahamba nabantwana uma beya edolobheni.

"Abantwana sicela nihambe nabo uma beyofuna usizo lwezempilo, ningabaphathi uma



**IMeya uMaphumulo**

niyothenga ukudla, sicela nishiye abantwana emakhaya," usho kanje.

Unxuse abasembonini yamatekisi ukuthi babulale amagciwane ematekisini njalo ukuze kungathelelеki abagibeli. "Sicela abanolwazi baqwashise labo abangenalo ababonakala benza okuphambene ngoba sizogcina siphelelwe amathuna ngezinto ebesingazigwema."

IMeya yoMsunduzi uKhansela uMzimkhulu Thebolla ithe: "Sicela nilandele imiyalelo ekhishwe uMnyango Wezempilo kanye nenhlangano iWorld Health Organisation. Okuningi iMeya uMaphumulo isikushilo, sizonxusa ukuthi abaqashi babulale amagciwane lapho kuthintwa khona njalo ukuze kungatheleleki izisebenzi. Sicela niphinde nifake izimfonyo, niphinde nigweme ukuphuma ekhaya uma kungenasdingo. Uma singaqikelela lokhu uMsunduzi ngeke uze ube isiphethu sokhuvethe."

USomlomo woMkhandlu uMsunduzi uKhansela u-Eunice Majola-Zondi uthe abafisa ukukuzuza ngokuhambela umphakathi ukuthi bengubuholi banesibophezelo sokunikezela ngolwazi kuzakhamuzi zaseMsunduzi.

"Siyabona izibalo ziyakhula kodwa sibona kumqoka ukuthi sidlale indima yethu kuzakhamuzi zaseMsunduzi. Siyazi ukuthi lolu lwazi lukhona emisakazweni kanye nakumathelevishini kodwa sithi izakhamuzi lokhu okukhulunywa ngako ezinkundleni zokuxhumana sikugcizelele, bazi ukuthi singalinqoba leli gciwane uma sizolandela imiyalelo."

Uqhube ngokuthi bewuMasipala uMsunduzi baqaphelile ukuba uma kuyoholwa isibonelelo sikaHulumeni izakhamuzi aziyilandeli imigomo ebekiwe. "Sibone kusemqoka ukuthi silande laba ababhekelele ukugciwane ngemithetho yoMkhandlu ukuze baqaphe lapho kuholwa khona isibonelelo sikaHulumeni. Ngalokho sasihlose ukunqanda ukubhebhetheka kwegciwane. Siyazi ukuphoqa umuntu ukuthi alandele umyalelo akufani nokuthi azenzele kusukela kuyena ngaphakathi. Ingakho siphinde senza ukuthi lezi zisebenzi zizungeze edolobheni ziyalele labo abangazifakile izimfonyo ukuba bazifake. Lokhu esikwenza manje ukuqinisekisa ukuthi izakhamuzi ziyazi futhi ziba nolwazi olwanele bangaboshwa kanti thina asiyiklamanga indima yethu yokubafundisa."

UKUVETHE

# Ukusebenzisana kwezinhlaka zomphakathi

**nguSiyethaba Mhlongo**

UKUFIKA kokhuvethe eNingizimu Afrika kwenze kwabonakala ukuthi iminyango kaHulumeni iyadingana futhi iyanikezana ngomsebenzi. Akugcinanga kuHulumeni kuphela kepha kuphinde kwasebenzisana amabhizinisi azimele noHulumeni. Inkampani iSign Wood inikele ngezimfonyo ezingama-30000 eMsunduzi ukuba izakhamuzi ziphephe njengoba kuhlasele ukhuvethe.

Isikhulu senkampani iSign Wood uMnu uDieter Kusel sithe: "Sisanda kuqala ukufaka iFibre Network eMsunduzi sabona ukuthi kukhona okuthile okumele sikunikeze izakhamuzi ngoba vele sisebenza ngawo umphakathi." Uqhube ngokuth ilokhu bakubone kumqoka ukuthi bakwenze ngaphandle kokuthi beyinkampani basungula amathuba omsebenzi.

"Siyinkampani eMsunduzi uwodwa sesiqashe amalungu omphakathi angama-1500. Esaziyo ukuthi bazokwazi ukuxosha ikati eziko okungenani izinyanga eziyisi-9 kuya kwezili-12, siyazi ukuthi maningi amathuba asazovela ngoba inetwork isazodinga ukuba inakekelwe ngaphandle kokuthi ifakiwe nje," kusho uMnu uKusel.

Uqhube ngokuthi babenesifiso sokuthi uma befika eMsunduzi bangafike nje bese behamba kepha bashiye abayohlezi bekhunjulwa ngako. Uthe izisebenzi abaziqashayo bazipha amakhono abangaphinda bawasebenzise uma sebeyofuna imisebenzi kwezinye izinkampani.

Uthe okumqoka kubo ukufundisa labo abangazi lutho nabangenalo ikhono njengokuthi ifibre network isebenza kanjani. "Siqikelele ngokuthi asigcini nje ngokuqasha izakhamuzi zaseMsunduzi kepha siphinde sanika umsebenzi nosomabhizinisi abancane balapha eMsunduzi, okuyibo abafaka amanetwork emzini yabantu," usho kanje.

Uqhube ngokuthi okubagqugquzelile kulezi zimfonyo ukuthi wonke umuntu uthwele nzima kulolu bhubhane, wonke umuntu unesidingo sokuzivikela kanti akusiyena wonke umuntu onamandla okukwazi ukuthenga isimfonyo, ingakho bebone ukuthi banikele.

ISekela Meya uKhansela uMinillal Inderjit lithe: "Siyakwamukela ukunikelelwa ngezimfonyo i3ply, okuluhlelo inkampani elisungulele ukulekelela izakhamuzi zaseMsunduzi. Siyazi ukuthi leli inani elincane uma kuqhathaniswa nenani labantu abayizakhamuzi zaseMsunduzi kepha zizokwenza omkhulu umehluko."

Uqhube ngokuthi bewuMasipala babone kungcono ukuthi banikele ezibhedlela, izikole kanye nasezitolo okuyizo ababona ziba nomthamo omningi wabantu abaya kuzona. "Izibhedlela esizihlonzile iNorthdale ne-Edendale, isitolo uSupersave




**Ngesinye sezibhedlela esihlomule ngezinsiza zokulwa nokhuvethe**
(Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)

isona esinabantu abaningi abaya kuso, nabezindaba amehlo abo abelokhu ethe njo kuso ngisho noNgqongqoshe WamaPhoyisa uMnu uBheki Cele wasivakashela lesi sitolo ukuqinisekisa ukuthi siyayilandela imigomo yeCovid 19," kusho iSekela Meya.

Liqhube ngokuthi okuyisifiso sabo ukuthi kungabi bikho muntu ozojikiswa ngoba engenaso isimfonyo, lokhu okwenziwe inkampani iSign Wood bayakubonga ukuvala lelo gebe njengoba izibhedlela kuyizo ezisekhaleni lokhuvethe. "Siyazi ukuthi uma sithenga thina siwuMasipala kunemidanti, lezi zimfonyo eziza kanje ziqhamuka ngaphandle siyazamukela kakhulu futhi sinxusa nezinye izinkampani ukuba ziphonse esivivaneni," kusho yena.

Uqhube ngokuthi babone kumqoka ukuba bahlonze izikole ezingenabo abantwana abangomacaphuna kusale ngoba abafisi ukuthi kube nomfundi ojikiswayo ngoba engenaso isimfonyo njengalesi sigameko esenzeka eBulwer kujikiswa ingane yagcina idlwengulwa.

Uqhube ngokuthi kunabantu abaningi abangosomathuba abenza izenzo zobulwane abathola ithuba lokulutha abantu ngoba bazi ukuthi abanalutho, bayakholwa ukuthi izimfonyo zingaklama indima emqoka ukuthi nesizwe siphephe. "Sibonga imkampani efikile kuleli dolobha lethu njengoba seyifake isandla ekufukuleni umnotho wedolobha," usho kanje.

Isibhedlela iNorthdale singezinye ezizuzile kulolu hlelo, uNkk uKholeka Makhathini oyi-Acting Chief Executive Officer uthe: "Sithanda ukubonga iSekela Meya ngemizamo yalo ngokuhlezi liqikelela ukuthi isibhedlela sethu sihlezi sisizakala. Njengoba sonke sazi ukuthi isibhedlela sethu sikhahlamezwe kakhulu ukhuvethe njengoba kuyimanje kuyiNorthdale ehamba phambili ngesibalo sabantu abahaqwe ukhuvethe eMsunduzi."

Uphethe ngokuthi lolu bhubhane aluthikamezanga iziguli kuphela kepha nezisebenzi. Uqhube ngokuthi izipho abazithola kuMasipala nasezinkampani zizokwenza ukuthi balunqobe lolu bhubhane. "Siyabonga nokufika komholi wendawo njengoba kusinda kakhulu ukusebenza kule ndawo, ukufika kobuholi kuzogqugquzela nezisebenzi zakulesi sibhedlela ukuba zisebenze kakhulu futhi zikhuthale ngoba ziyazi ukuthi umsebenzi wazo uyabonakala," usho kanje.

human settlements
Department:
Human Settlements
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

CITY OF CHOICE
PIETERMARITZBURG
MSUNDUZI

**NGABE UNENKINGA NESIQASHI NOMA NOMASITENDA WAKHO?**

Isigungu esengamele ezokuqashisa KwaZulu-Natal sisungulelwe ukuxazulula izinkinga ezivelayo phakathi kwabantu abaqashiselene ezindaweni abahlala kuzo (AMA-FLATS, UMJONDOLO, "EMQASHWENI", I-HOSTELA, COTTAGE).

- Kungabe uyaludinga ulwazi mayelana namalungelo akho njengesiQashi okanye uMasitenda?
- Kungabe uyaludinga ulwazi mayelana nesivumelwano esibhaliwe sokuqashiselana (Lease Agreements)
- Kungabe usuke wahlangabezana nokuhlukumezeka okufana nalokhu okulandelayo: (Ukunganakekelwa kwendawo; Ukungena ngenkani noma ukuvimbela ukungena endlini; Ukusabisana; Ukungakhokhwa kwe-Rent; Ukungabuyi kwemali yesibambiso (Deposit); Ukuhlala ngokucinana; Ukuphuka kwempahla; Ukucishelwa amanzi nogesi ngaphandle kwemvuma yenkantolo.
- Faka isikhalazo sakho kwisigungu (KZNRHT) noma kumkhandlu osondelene nawo
- Isikhalazo sakho sizoxazululeka ezinyangeni ezithathu
- Ungazithatheli umthetho ezandleni zakho; sebenzisa ilungelo lakho ngendlela eyamukelekile
- Vikela ilungelo lakho lokungaphathwa ngendlela engamukelekile

**Vakashela ihhovisi likaMaspala wangakini:**

**Human Settlements - Housing Unit**

**Physical Address:** **4th Floor, 19 Gallwey Lane, Pietermaritzburg, 3201**
**Tel. No. :** **033 392 2104/3776**

**NOMA**

**Physical Address:** **9th Floor Eagle Building (Murchies Passage), 353-363 Dr. Pixley ka Seme (West Street), DURBAN, 4001**
**Postal Address :** **Private Bag x54328, DURBAN, 4000**
**Tel. No. :** **031 372 1800/3/4/6/8**
**Email :** **info.rht@kzndhs.gov.za**

---

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

**MSUNDUZI MUNICIPALITY**

**SUPPLIES AND SERVICES CONTRACT No. 37 OF 2020**
**HIRING OF PORTABLE CHEMICAL TOILETS**
**TENDER NOTICE**

The Msunduzi Municipality hereby invites tenders from suitably qualified and experienced Service Providers for the hiring of portable chemical toilets. **Only tenderers with B-BBEE Contributor Levels of 1 and 2 will be considered for appointment.**

Tender documents will be made available to tenderers from **12h00** on **Monday, 03 August 2020**.

Tender documents can be downloaded and printed at the tenderer's cost from the National Treasury eTender Publication Portal on **www.etenders.gov.za**.

Printed copies of the tender documents shall also be available from the Supply Chain Management Unit Offices, 5th Floor, A S Chetty Centre, 333 Church Street, Pietermaritzburg, as from the abovementioned date and time, at a non-refundable tender deposit fee of **R568.10 (including VAT)** for each document drawn.

Any enquiries or questions relating to this tender must be forwarded to Phiwe Mthalane (Supply Chain Management Unit) on e-mail address phiwe.mthalane@msunduzi.gov.za. A consolidated response will published onto the Msunduzi Municipality's website seven (7) calendar days before the date of tender closing. **Note that no enquiries or questions will be attended to in the last seven (7) calendar days before the date of tender closing.**

Tenders contained in sealed envelopes and marked with **"Supplies and Services Contract No. 37 of 2019"** and the **Contract Description** must be placed in the Tender Box located in the Foyer, Ground Floor, City Hall, 169 Chief Albert Luthuli Street (formerly Commercial Road), Pietermaritzburg, 3201, not later than **12h00** on **Friday, 04 September 2020**, when they will be publicly opened. Only tenders placed in the Tender Box shall be accepted.

**Tender Validity Period:** Four (4) months commencing from the closing date of tender.

**Tender Adjudication/Evaluation Criteria**: The tender shall be evaluated on–: 80/20 Preference Point System in accordance with the Preferential Procurement Regulations 2017, issued in terms of section 5 of the Preferential Procurement Policy Framework Act, Act No. 5 of 2000.

The Msunduzi Municipality does not bind itself to accept the lowest or any tender and reserves the right to accept the whole or any part of a tender. Each tenderer will be informed of the tender result.The Msunduzi Municipality expects businesses within the Pietermaritzburg and Midlands Region to support its contract and BEE/SMME initiatives.

**MR. M.P KHATHIDE: CITY MANAGER**

---

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

**SCM 3 OF 20/21**

**APPOINTMENT OF A SERVICE PROVIDER FOR THE SUPPLY AND INSTALLATION OF CLEAR VIEW FENCING AT NORTHDALE LIBRARY**

## TENDER NOTICE

The Msunduzi Municipality hereby invites tenders from suitably qualified and experienced for the **Supply, Installation of Fencing a Library**. Only tenderers with **CIDB grading of 2SQ or higher** will be considered for appointment.
Tender documents will be made available to tenderers from **12h00 on Thursday, 06 August 2020**.

Tender documents can be downloaded and printed at the tenderer's cost from the National Treasury eTender Publication Portal on **www.etenders.gov.za**.

Printed copies of the tender documents shall also be available from the **Supply Chain Management Unit Offices, 5th Floor, A S Chetty Centre, 333 Church Street, Pietermaritzburg**, as from the abovementioned date and time, at a **non-refundable** tender deposit fee of **R226.55 (including VAT)** for each document drawn. Only cash, bank guaranteed cheques or EFT payments will be accepted. A copy of the Tender Deposit Receipt must be attached to the tender document (if purchased at the Municipality).

Any enquiries or questions relating to this tender must be forwarded to **Phiwe Mthalane** (Supply Chain Management Unit) on e-mail address **phiwe.mthalane@msunduzi.gov.za**. A consolidated response will published onto the Msunduzi Municipality's website seven (7) calendar days before the date of tender closing. Note that no enquiries or questions will be attended to in the last seven (7) calendar days before the date of tender closing.

Tenders contained in sealed envelopes and marked with "**SCM 42 OF 19/20**" and the Contract Description must be placed in the **Tender Box** located in the **Foyer, Ground Floor, City Hall, 169 Chief Albert Luthuli Street (formerly Commercial Road), Pietermaritzburg, 3201,** not later than **12h00 on Monday, 07 September 2020**, when they will be publicly opened. Only tenders placed in the Tender Box shall be accepted.

**Tender Validity Period:** Four (4) months commencing from the closing date of tender.

**Tender Adjudication/Evaluation Criteria:** The tender shall be evaluated on a Two Stage Evaluation System – Stage One: Functionality and Stage Two: 80/20 Preference Point System in accordance with the Preferential Procurement Regulations 2017, issued in terms of section 5 of the Preferential Procurement Policy Framework Act, Act No. 5 of 2000. The Functionality for Stage One shall be evaluated on the following criteria:-

| No. | Evaluation Criteria | Maximum Points |
|---|---|---|
| 1 | Number of previously completed clear view fencing for the value of up to R550 000 per project (excluding VAT ). | 20 Points |
| 2 | Experience of Site Foreman / Site Agent in Structural Steel Construction projects. | 10 Points |
| 3 | Trade tested Artisans | 20 Points Total |
| **Functionality Points**<br>**Threshold to Qualify for Stage Two** | | **50 Points**<br>**(40 Points)** |

The Msunduzi Municipality does not bind itself to accept the lowest or any tender and reserves the right to accept the whole or any part of a tender. Each tenderer will be informed of the tender result.

The Msunduzi Municipality expects businesses within the Pietermaritzburg and Midlands Region to support its contract and BEE/SMME initiatives.

**MR M KHATHIDE (CITY MANAGER)**

---

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

## YOUTH ENTERPRISE PARK ADVISORY BOARD

The Msunduzi Municipal Sustainable Development and City Entities, Development Services sub-unit is calling on applications to contribute in the Youth Enterprise Park Advisory Board for 3 years. To carry out the following responsibilities:

- The advisory board will need to identify and agree on the appropriate Institutional Entity to manage the facility (i.e. a cooperative, company or NGO etc.).
- Guiding the Management entity and assist in making executive decisions on the function of the YEP.
- The Board will convene Quarterly
- The participants on the advisory board will be "partners" in ensuring the success of the YEP.
- The Advisory Board will advise on securing long-term operational funding for the YEP.
- To prepare Terms of References and tender for appointment of Management Entity to run the YEP
- Provide the necessary links necessary to support the facility particularly in terms of providing municipal functions to the YEP.
- Outsourcing government-funding programmes that can benefit the Facility.

Please Note: Candidates must have a professional portfolio in Legal, accounting/finance, community leadership role, youth organisation, entrepreneurial space, training, research and development, with experience of at least 3-5 years. The Advisory Board will be put in place to provide support and guidance to the YEP. The members will not draw an income from the Facility for being on the Board; this is for experience and to support youth empowerment.

Application form will be available on the Msunduzi Municipality website, Professor Nyembezi building 9th floor, City Hall and Tourism Hub by 31 July 2020. Please submit application form with portfolio of evidence, CV, and supporting documents to: Mandisa.msimang@msunduzi.gov.za contact number 033 392 3757 or simtholile.myeni@msunduzi.gov.za contact number 033 392 2842. closing date for submission is 14 August 2020.

---

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

**ECONOMIC DEVELOPMENT SERVICES**

**REQUEST FOR COMMENTS ON THE DRAFT MSUNDUZI MUNICIPALITY SCOTTSVILL AND SURROUNDS LOCAL AREA PLAN**

The Public is hereby advised of the Msunduzi Municipality's Draft Scottsville and Surrounds Local Area Plan, 2020. The draft document is available on the municipal website for your comments.

Written comments may be lodged with the Town Planning unit, Siphesihle Zondi (Tel 033 392 3048), by e-mail to Siphesihle.zondi@msunduzi.gov.za, or hand delivered to the Town Planning Offices, 5th Floor, Professor Nyembezi Building, 341 Church Street, Pietermaritzburg, or by post to Private Bag X 1393, Pietermaritzburg, 3200 by Friday 28 August 2020.

**Mr. M.P Khathide**, City Manager
City Hall, Pietermaritzburg

IZINHLELO ZIKAMASIMALA

# UMasipala usheshisa olokuthengwa kwemizi

**nguSiyethaba Mhlongo**

SEKUZE kwajwayeka ukuthi ukuthenga umuzi nokushintsha umnikazi kuthathe isikhathi eside. Ngeke kwabalekelwa ukuthi lokho akukuhle futhi kunomthelela omubi ngisho emnothweni wendawo ngenxa yesizathu esisobala ukuthi ngisho abatshalimali bangaze bashintshe umqondo kade sebezimisele ukuthenga leso sakhiwo.

Ngokujwayelekile uphiko lwakwaRates lukhipha isitifiketi esibizwa ngeRates Clearance esitholwa emuva kokuthenge umuzi noma kokushintshwa kobunikazi ngenxa yezizathu ezahlukene okungaba isahlukaniso noma ukushona kobengumnini womuzi. Ngaphambi kokuphuma kwalesi sitifiketi isicelo sidlula eminyangweni emihlanu. UMnu uMoges Pillay oyiskhulu salolu phiko uthi lokho sekuwumlando.

"Manje abameli ababhekelela ukushintshwa kwezindlu sebengafaka isicelo sokushintshwa komninimuzi ngokusebenzisa i-intanethi futhi usifaka noma ikuphi noma ngabe uphesheya kwezilwandle futhi noma ngabe isikhathisini akusadingeki ukuthi abafaka isicelo beze ezakhiweni zikaMasipala bachithe isikhathi sabo befaka isicelo."

UPillay uthe isizathu esenze baqhamuke nalolu hlelo ukuthi noma ngabe loyo ofake isicelo ubefisa ukulandelela ukuthi selukephi udaba lwesicelo sakhe bekuba umthwalo ukuthola ukuthi kudingeke ukuba kushayelwe lama hhovisi kubhekwa ukuthi ifomu lesicelo likuluphi uphiko.

Lama hhovisi athintekayo bekungeleConsolidated Billing, iCredit Control, iSundry Debtors, iHousing kanye ne-eValuation. UPillay uthe: "Ngesikhathi kusangamaphepha bekulula ukuthi kube nenkohlakalo kungaba izisebenzi zigwazelwa ngoba labo abafake isicelo bejahe udaba lwabo lusheshe luphothulwe. Ngeke sikubalekele ukuthi bekuthatha isikhathi eside, okuyizinyanga ezine kuya kwezinhlanu."

UPillay uthe ukuthi izicelo ziye kula mahhovisi ahlukene kunezizathu ezimqoka njengelezindlu lapho kufanele o kuqinisekiswe ukuthi leyo ndlu ibhalwe ngaye ngempela yini ofaka isicelo ukuthi bekungeyakhe, nele-eValuation lona kumele libone ukuthi inani lendlu liyiyo leli ebhalwe phansi, iCredit Control ibheka ukuthi leso sakhiwo sikweleta malini kwaMasipala.

Lolu hlelo olubizwa nge-E4 uthe uPillay yonke into yenzeka kulona.

"Kulula ukulandelela ku-E4, ofake isicelo uyabona ukuthi iliphi uphiko olungakaphothuli ukwenza umsebenzi futhi kuyangisiza lokho ukuba ngithole ukuthi ngobani abadembeselayo, ngalokho ngizokwazi ukubona abangasebenzi."

UPillay uthe phezu kwakho konke kodwa bekulula ukulahleka kwezicelo kanti angakudingi ukuthi kuthiwe udaba lusetshenzwa ngubani.

"Inhloso yalolu hlelo ukuthi yonke into ilandeleleke kungashiwo ukuthi ubani akekho okunguye osebenza lolo daba. Iphinde yehlise izindleko zamaphepha njengoba ngenyanga kutholakala izicelo esilinganiselwa ema-400 kanti isicelo ngasinye sinamaphepha alinganiselwa kwali-15."

Uqhube ngokuthi ubuhle balolu hlelo ukuthi isicelo asisoze sasuka ku-E4, ukusayinwa kwamaphepha, ukukhishwa kwesitifiketi kwenzeka kuloluhlelo, lokhu kwamukelekile ehhovisi lamatayitela. "Lolu hlelo luzothuthukisa ubudlelwane phakathi kukaMasipala nosomabhizinisi ngoba kuzobalula yonke into ukuthenga imizi, luzophinda lulekelele kakhulu kuMasipala ekutheni kuqoqweni imali bese ibuye isebenze ukuhlinzeka umphakathi ngezinsiza," kulanda uPillay.

Lolu hlelo akusikhona ukuthi luyaqala kodwa balubuke ngoMandulo ukuthi luyakwazi yini ukusebenzela izakhamuzi zaseMsunduzi kanye nalabo abafisa ukulondoloza eMsunduzi, lapho kuthathwe izinkampani zabameli ezine ukuthi zilusebenzise ukufaka izicelo kwangena ezingama-32, lezo zicelo zaphuma ngezinsuku ezili-10.

Upillay uthe: "Into eyenza lolu hlelo lusheshe ukuthi ngenkathi umuntu efaka isicelo akulindwa ukuthi omunye aqede, akunikezelwana ngomsebenzi, umuntu udlala indima yakhe ngaso leso sikhathi."

Noma kungaba nobuhle obunjani kodwa izingqinamba ziyohlezi zikhona ikakhulukazi uma kuwuhlelo olusha. UPillay uthe umsebenzi ungaphezu kwezisebenzi eziqashiwe kodwa ukuxazulula lokho balandele umthetho kaMasipala ukuthi umsebenzi uqale ukhangiswe ngaphakathi bese uphumela ngaphandle.

"Sesikhangise ngemisebenzi emihlanu ngaphakathi ukuze siqinisekise ukuthi siyaqhuba futhi lokhu esithi siyakwenza kubonakale emphakathini," kusho uPillay.



**UMnu uMoges Pillay** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

EZOKUVAKASHA

# UMsunduzi nentuthuko yezokuvakasha kwaVulindlela

**ngu-Anathi Mtaka**

EZOKUVAKASHA zineqhaza elikhulu emnothweni wakuleli. Nyakenye ezokuvakasha zifake izigidigidi ezili-R139 kuGross Domestic Product (GDP) okungama-2, 8%.

UNgqongqoshe Wezokuvakasha uNkk uMmamoloko Kubayi-Ngubane ngesikhathi kuvulwa indawo yokugcina amagugu eHowick kuqala unyaka, wanxusa izakhamuzi zaseMgungundlovu ukuba zenze izindawo zasemakhaya izizinda zokuvakasha, kanjalo nobuholi bendabuko benze okuthize ukuthi izindawo zabo zibe yingxenye kwezokuvasha. UMsunduzi usuphendulile kulesi sifiso sikaNgqongqoshe.

Uhlaka lwezokuvasha iMsunduzi Pietermaritzburg Tourism Association (MPTA) kanye noMsunduzi basezinhlelweni zokuthuthukisa idamu iHenly Dam njengendawo yokujabula njengengxenye yokwakha indlela yezokuvasha edlula kwaVulindlela, ngenhloso yokuthuthukisa le ndawo okubukeka ivaleleke ngaphandle kwezokuvakasha kanjalo nokufukula umnotho wasezindaweni zasemakhaya.

Ngesikhathi kuvakashelwa lezi zindawo uSihlalo wekomiti iSustainable Development and City Entities iKhansela uSibongile Mkhize, wthi kube nokuvumelana ukuthi indawo ikwaVulindlela ingakwazi ukuba isizinda sezokuvakasha kodwa amanye amaqembu abenokuthi mukhulu umsebenzi okusamele wenziwe njengoba nemigwaqo iyinkinga.

Imizi eyakhele leli damu ekanokusho nokho ingqalasizinda isalele emuva, imigwaqo iwubhuqu, amanzi ayahlushekelwa, ziningi izindawo okulahlwa kuzo ngokungemvume.

IKhansela uMkhize lithe: "Kuningi esingakwenza ngale ndawo kepha kumele sizinqobe lezi zingqinamba siqale ngomgwaqo. Ngeke sikwazi ukuthi silindele okunye ukuba kwenzeke ngaphandle kokuthi abantu bangene baphume kule ndawo."

Liqhube ngokuthi lisazoqala lidingide udaba namalungu ekomiti bese lilibeka ezithebeni eMkhandlwini kuyimanxa lithinta iMnyango efanele phakathi kwayo okukhona oWezemvelo Nokuvakasha.

UMqondisi weMPTA, uMnu uDumisani Mhlongo, uthe bazodinga usizo ngokubiya idamu ukuze kulawuleke abantu abangena kule ndawo nokuthi bakwazi ukulungisela abantu abazodayisa.

Uthe lokhu kuzovikela umhlaba oseduze naleli damu kulabo abathanda ukuzithathela njengoba kusangenye yezinto uMsunduzi obhekene nazo. Uthe lo msebenzi uzohlanganisa isizinda sezokuvakasha esizoba nendima emqoka kumnotho wendawo.

Leli damu lizobe linikeza okuningi kuzakhamuzi kanjalo nalabo abavakashile, okunye okuzobe kwenzeka kulo ukusingatha imcimbi nalabo abathanda ukuhlala ngaphandle babuke imvelo. UMhlongo uthe le ndawo yokuvakasha izobe inikezela izivakashi ngolwazi ngezamasiko.

Uthe izivakashi zizokwazi ukuvakasha eNtembeni lapho okunethuna lesangoma esaduma kakhulu uNobhiyana Madondo, owayephila ngesikhathi seSilo uShaka. Le ndawo yaziwa ngemigubho eba minyaka yonke lapho kuvakashelwa lesi Sangoma uMadondo.

"Ezokuvakasha kwasemakhaya kuvulela izakhamuzi zakulezi zindawo ukuthi zithuthukise ezokuvakasha ukuhlinzeka uzinzo ezindaweni zabo kanjalo nentuthuko," kusho iKhansela uMkhize.

UMnu uMoses Ndlela onendawo yokulala iHenly Guest House uthe: "Izakhamuzi zakule ndawo kade zaziyifuna intuthuko kodwa lokho abakucelayo kugcina ngokushabalala. Siyajabula ukuthi uMasipala uyabona ukuthi iDamu lingadlala indima emqoka ekuthuthukiseni umnotho waseMsunduzi kodwa konke kuqala ekutheni kuthuthukiswe ingqalasizinda."

Uqhube ngokuthi bayazithola izivakashi eziqhamuka kuwo wonke amazwe omhlaba ezifika kule ndawo ngaphambi kwemijaho iMandela Day Marathon kodwa zifike ziphoxeke ukuthola ukuthi indawo yabo ayikathuthuki. Uthe ubugebengu buphezulu kule ndawo, kugqekezwa imizi nokuntshontshwa kwezimoto. "UMaspala kumele ukubukisise ukufaka amakhamera kuyo yonke imigwaqo ephumela kule ndawo ngoba izivakashi ngeke zifike uma zizizwa zingaphephile. Asikho isidingo sokuba nezinto ezinhle uma zingeke zithakaselwe," kusonga uNdlela.



**IHenly Dam** (Isithombe: ngu-Andile Mahlaba)